Isifundo Sesikole seSonto

Esesitatu, January 19.

IPasika: Eks. 12:1-14.

ISITATELO:- "Ipasika letu selihlatshiwe nalo, yena uKristu." 1 Kor. 5:7.

UMoses waetweswe nguNkulunkulu umsebenzi olukuni kakulu, ukuyaunxusa uFaro ukuba adedele uIsrael apume eGipita abe ngumholi kaIsrael. Futi kwaku ngesiko ukunxusa uFaro nje ukuba adedele abaIsrael bahambe kepa waezaunxusa bona abaIsrael uqobo ukuba bapume eGipita.

Wafika kuFaro, kepa lenkosi enolaka ezazisayo kayivumanga kalula. Waze uNkulunkulu wampata kanzima anduba aze apete ngokubadedela abantu. Kwehla izifo ezinkulu eziyitobamunwemunye pezu kwezwe noko uFaro waqulusela wanqaba. Waeye etembise kepa kuti singadhlula isifo abese ebuye eyenza lukuni inhliziyo yake. Kwaze kwafika eseshumi isifo pezu kwezwe anduba uIsrael apumelele ukumuka. Ngisho emva kwaloko kufa okunzima kangako okwabhuqa amazibulo lapo aze wabadedela abaIsrael, bahamba kalukuni ngoba kwati besapumile nje wabuye watuma impi yabalandela ukubabuyisa.

Wab'azi uNkulunkulu ukuti izifo lezi ezinye aziyikumvumisa uFaro ngako kabatshelanga abaIsrael ukuba balungele ukupuma. Wab'eyazi inhliziyo elukuni kaFaro kepa wamnika amatuba omusa okuba adedele abaIsrael bahambe. Wati lapo uNkulunkulu esezaukwehlisela pezu kwabantu isifo seshumi wavusa abaIsrael ukuba balungele ukumuka kulelizwe ngoba azi ukuti sekuyiso isikati abangadedelwa ngaso nguFaro.

Ukulingiselela indhlela enkulu nabayaukudinga kwenziwa ngokutola izinto zegoli nesiliva nokunye okuyigugu, kumaGipita. Kwatiwa makube yilowo owesifazana acele impahla enjalo kumakelwane wake waseGipita. Pela abaseGipita ba sebebesaba abaIsrael ngenxa yezifo ekade zibehlela ngako babapa lezimpahla ngapandhle kwokutandabuza. Lezonto yizona okwabuye kwasetshenzwa ngazo enkonzweni yetabanekeli, ngoba zizincane futi zinenani zaba lula ukuba zitwaleke kanti zinenani.

Kwatiwa bonke ke mabahlale belungele ukumuka kusihlwa lapo iNgelosi yokufa isidhlulile kulo lonke elaseGipita yatata amazibulo akona. Kepa indaba enkulu yesifundo setu sanamhla yiPasika. Sifuna ukufunda ngoqobo lokuqondwe ngokomoya ngePasika.

Ake sipaule ukuti ngobani abaketwa ukupepa ingelosi yokufa.

Siyabona ukuti uNkulunkulu akashongo ukuti onke amazibulo abo bonke abaseGipita ayakudhliwa futi akashongo ukuti bonke abakwaIsrael bayakupepa. Kepa ivesi 12 liti, "Onke amazibulo ezweni laseGipita" ele 13 liti, "Nxa ngibona igazi ngiyakunidhlula.', Labo abayausinda kulokukufa kuyauba yilabo abachele igazi ezinsikeni zeminyango yezindhlu zabo. E, uNkulunkulu wayifunelani levoncwadi enjalo? Nakoke lapo sibona kona ubukulu begazi eTestamenteni elidala. Yilowomuzi kwatiwa maubutane ngalobobusuku uhlabe izinyane lemvu, elingenacala, v. 5. Ukuhlatshwa kwalelizinyane ngumuzi lowo kwabe kungukuzahlakanisela uNkulunkulu. Siyazi ukuti lapo izinyane selibanjwa liauhlatshwa aliti vu, kepa litula liti du litobele intando yalowo ozolihlaba.

Ukupalazwa kwegazi lelo futi yisenzo sokuzidela ukupila kwalo. Lokuhlatshwa kwezinyane kwabe kuyincwadi yokuti lowomuzi uzotula kuNkulunkulu usungowake kanye noIsrael wonke. Usho uti ulungile ukulahla iGipita lobuqaba alandele uNkulunkulu aye ezweni lesitembiso nakati ubulukuni nobumnyama bungaba njani. Lapoke esenemba leligazi ezinsikeni zomnyango kukomba engelosini ukuti naugu umuntu osezinikele nomuzi wake kuNkulunkulu ukuba abe ngowake aye ezweni lesitembiso. Nobani ongakwenzanga loko ongavumanga ukuz'otula kuNkulunkulu, yab'iyaufika kuye itate izibulo lake Ngalobobusuku inxa uhamba kwelaseGipita wa ungabona lapo kukona umkaya ozahlukanisele uNkulunkulu, abalungele ukuhamba ngobunzima baye ezweni lesitembiso.

E, isitatelo setu siti, "Nalo iPasika letu selihlatshiwe, yena uKristu." UyiPasika letu kanjani uKristu? Sesivele sasho sati njengoba izinyane litulula igazi lalo lize life lingati vu, lesosenzo salo silinganisa lowomuzi ukuzotula kwawo kuNkulunkulu uzidela ngapandhle kwokusola. Kwabuye kwaba njalo lapo kuhlatshelwayo, umIsrael wa eza nesilwane pambi kwelati, kuti konke ukupila kwaso kuqulelwe pambi kukaNkulunkulu, kungagodhlwa luto. Siyazi ukuti lowomnikelo wa ungumkuleko womIsrael. Umkuleko onjani? Nanku, "Jehova njengoba ukupila kwalesisilwane kutululwa pambi kwako, sipalaza igazi laso ngokukululeka, nami ngifuna ukutela ukupila kwami pambi kwako ngokuz'otula kwenhliziyo yami yonke ngizinikela konke kuwe ukupila kwami." Lapo sibona uKristu iPasika etu esesipambanweni edela ukupila kwake ngesihle, engati nda nelilodwa lokuzivikela, sibona lapa ukuz'otula kukaKristu okupeleleyo. Yisona siqongo sobeku yikupila kwake konke, ukupila okwahlukaniselwe ngokupeleleyo uNkulunkulu. Inxa ke sesizitatela tina ukufa kukaKristu, siti, "Baba angika kwotuli kuwe ukupila kwami njengoba ngibona iNdodana yako izidela ukupila kwayo esipambanweni. Kepa yiloko engitanda ukukwenza. Ngako mus'ukungibuka ngokuz'otula okubutakataka engisakwenzileyo ngoba isifiso sami esikulu nomnqweno yikuba ngibe ngowako ngokupeleleyo nje ngoba uKristu uMsindisi wami wazi dola ukuba abe ngowako esipambanweni." Ngako ngahlulele ungilumbanise naloko kuz'otula okupeleleyo." Inxa umuntu eke eze kanjalo kuNkulunkulu ezitatela ukufa kukaKristu uNkulunkulu uyamtetelela kona lapo. Inxa umuntu engakulumi kanjalo kuNkulunkulu, engenasifiso sokuba ngoka Nkulunkulu njengoKristu esipambanweni angezuze kutetelelwa. Akusho ukuti ngesenzo sinye sokufa kukaKristu isono setu siyahlangulwa ngapandhle kwokuz'otula kwako nokwami, kodwa inxa ubona ubutakataka bokuz'etula kwako umtshele uNkulunkulu ukuti okukaKristu akwenza esipambanweni yiwona mgomo wako, sihlangulwa kona lapa isono sako.

Ezindala ZakwaZulu.

Kwati uDingane esakatazwa njalo ng'amaBhunu, wahlasela amaSwazi enga angatata izwe lawo, ake kona. Kulok'ukuhlasela kwabonakala ukuti uMpande akasasebenzi kah'e ngokuvumelene nentando kaDingane. Kancane kancane uDingane wafika wacabangela uMpande, waze wambiza eyomkulumisa ngokwenza kwake. UMpande kodwa wa'azi kahle ukuti ukokulunyiswa ng'uDingane, kuqondisa ukufa kwake, kwaze kwati nganxanye kwasala ukupela ukuba asebenze kona manje icebo lake eng'epuzi, avukele uDingane masinya ng'amaBhunu.

Ayike, amaBhunu ay'eng'etembi uMpande kuqala, eti ufun'ukuwadukisa nje njengoBhongoza lowo, noko ukugcina avumelana naye ngokususa uDingane, uMpande abekwe esikundhleni senkosi. Yena uMpande wazibopa ngokuti akuseyikuba kuvunyelwe ukubulala owesifazane noma umntwana noma ixegu, kungeko ukutetwa kwecala, kungeko ukuzivikela. Wabuya wazibopa ngokuti akasayikuhlasela esinye isizwe es'akelene nabakwaZulu abapakati ngapandhle kwamaBhunu engavumanga.

Abantu ab'eqile kanye noMpande kutiwa kwaku aba17,000. Ukwambuka kwabo kwancipisa amandhla kaDingane, kwandisa awezita zake. AmaBhunu as'elahla imvumelwano eb'imisiwe kuqala pakati kwawo noDingane. Isisusa ay'ehlanza ngaso ukwenza kwawo kwaku ukuti uDingane akagcinanga olunye uhlamvu lwemvumelano, ukuti nje olwokuba awabuyisele izinkomo zawo. Ay'eti uDingane wabuyisa izinkomo ezicitsh'ukuba 100, ezisasele kuye ku ezi4,000. Esinye isisusa ku'sobala ukuti kwaba ukuncipa kwamandhla amaBhunu ngokuhlangana nawo kwaoMpande.

Kunjalo-ke, amaBhunu anquma ukuti uDingane uyakususwa esikundhleni senkosi, abuye ahlawuliswe kanzima izono zake 'onile ngazo amaBhunu. Amemezela-ke ukuti osuk'enika uDingane ezandhleni zawo, uyakuhlatshwa umxwele ngezinkomo ezi50, osik'enikela kuwo uNdhlela, induna kaDingane adhle umvuzo izinkomo ezi25.

Ezase Benoni zeCongregational Church of the American Board.

Ngosuku olukulu lukaDec. 25, 1918 kwaqaliswa inkonzo ekaya eBenoni Stn. ngo 11 a.m. ipetwe nguMr. Yingwana uMvangeli. Kwaba yinkonzo enhle nenokutula kugcwele nezipo zokutokozisana. Kwapunywa ngo 12.30 p.m. kwayiwa eNo. 1 State Mine lapa sekwakiwe kona indhlu enkulu enhle yesonto. Sengati akuzange ibekona enjengayo kuleli. Bekubutene abantu abangapezulu kuka 300 kanye nabamhlope nenkosi emhlope yaseNkompone, nabahla beleli amakwaya amane (Choirs) nemidhlalo emihle eyayenziwa ipetwe uMr. Yingwana uMvangeli esizwa uMr. D. Mtimkulu noMr. A. Mseleku. Izindhleko zaba £21 19 4 ukutokozisa abantu nezibukeli.

Bekuqalise kahle ngenkonzo ngo 1 p.m. kwaze kwagcinwa kahle ngo 7 p.m. Kwabuye kwayiwa ekaya eBenoni Location enkonzweni yakusihlwa ngo 8 p.m. Kwashunyayelwa kwafundwa izipo zabantu ezinigi kwaba kuhle kwadela, nendhlu ibe ihlotyiswe kahle kakulu ipetwe oMrs. Mtimkulu noMrs. H. H. Mbambo izintokazi zikaMother M. K. Edward eNanda Seminary lapa zepusela kona. Pambili Congregational Church of the American Board. Ngzwe sekumemezelwa nokuti ngoJan. 1919. Sekoqaliswa ukufundisa izinsizwa nguMr. A. Mseleku kusihlwa, abantwana bafundiswe nguMrs. H. Mbambo emini, lapo izinsizwa nabazali babantwana bajabula kakulu.

IMBANGI NOKWELASHWA KWOKUHLAMBULULA.

Ukudhla ngokweqisa nokuguquka kwomoya, nezitelo ezingavutiweyo namanzi amabi, ngokunye kwezimba, ngi zokuhlambulula. Oka Chamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula utata kanye kulezizifo zesisu. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

ILanga laseNatal neKongress Enkulu.

(KuMhleli "weLANGA.")

Ngibona indaba ebhalwe epepeni likaDec. 27, 1918, "ILanga lase Natal" ngomsebenzi weKongress enkulu ebe ihlangene eJozi ngo16th December 1918. Kuleyondaba ngibona kupateka igama lami ngendaba engimelwe ukuba ngipendule. Umoya walencwadi ubonisa ukuti uKongress ungishiye ngapandhle nxa kuketwa amaNxusa okuya pesheya. Ngifuna ukubonisa nje ukuti, akunjalo. Yimina ngokwami owanqanda ukuba igama lami lipakanyiswe noma livotelwe. IKongress yona nanamhla isangicela ukuba ngibe omunye wamaNxusa aya pesheya.

Ngapandhle kwaloku okuqondene nami, kukona amanye amazwi kuleyondaba abengafanelekile noko ukuba angabonakala kulelipepandaba elinje nge "Langa lase Natal". Nokuba umqondo wetu uyapambana ngodaba lokutumela amaNxusa pesheya, nxa sekunqume inhlanganiso akusafaneleki le ukuba kungabe kusapikiswana nokuba kusavela omunye umuntu osatela amanzi abandayo odabeni oselunqunyiwe. Abaningi betu nga ofela pakati nxa into isidhlulisiwe nokuba asiboni ngaleyondhlela okwenziwe ngayo. "ILanga lase Natal" njengokuba ngazi kahle lisebenze kakulu ukwaka uKongress, kuyamangalisa ke namhla ukubona selikuluma ngomoya wokwehlisa nokunyefula loKongress elimakile. Umoya onjalo ngingeze ngiwusekele nanxatshane uKongress mhlaumbe esuke eposisile odabeni.

BAKITI, kwesinye isikati kuba kona inkulumo evelayo ekufuneni uma ipendulwe masinyane, kanti ngesinye isikati leyonkulumo kungafuneki uma iyekwe ingapendulwa njengokungati ayizwakalanga, nangokungati ayonjuto. Ngako ke inkulumo efana nale ebhalwe iLanga laseNatal mayiyekwe ibekwe eceleni. Okwamanje simelwe ukuba sonke sipumelelise isinqumo senhlanganiso esiyitobeleyo; ongahambi nezwi lamadoda kungcono uma azi tulele nxa engenako ukunyamezela nokutobela isinqumo sebandhla. Nxa ngitsho njalo ke ngibonisa ukuba angiyi ngenile lapa indaba yohambo lwamaNxusa nobulungisa bayo, kupela nje angihambi nenkulumo eyenza igama leKongress lituniseke noma lidelwe, kakulu nxa amazwi anjalo epuma emlonyeni walabo abakulu betu nokuyibona bengapakati kule Kongress.

R. W. MSIMANG.

NgoCongress waseGoli.

(Ku Mhleli we "Langa,")

Mngani kwelako elidumileyo lezindaba akungivumele kengikulume kancane nabafundi beLanga lodumo ngalomhlangano obuhlangene eJohannesburg wamaNxusa okuya pesheya. Kukona ukupambana okwenziwa abakiti abahloli bezindaba okungukuti abaholi betu abafundisiweyo akusendhlela lena okuhanjwa ngayo uma nisihola ngalindhlela. Umongameli amazwi ake abemahle kodwa wabe wavuma ukuba abantu banqume ukuti akuyiwe emhlanganweni wapesheya. AMAZWI OMBUSI WE NYONYANA. Uma nibhekela isizwe lalelani amadoda akulumayo. Ngiyamvumela uMnyaiza emazwini ake awabeka pakati kwemiqondo yonke. Akufuneki ukuba nonele izizwe emakosini ekutenjisweni kwezizwe ukuti ziyakulalelwa uHulumeni nina senendhlula ngapandhle. Kulomhlangano akusiwo wokukalela izwe ngokunqamula impi. Nani nalwa kodwa akunifanele niye kulomhlangano, akusiwo onifaneleyo. Aniyanga nasembusweni walapa ukuyakucela ukuba nifanelwe. Yini ukuwela nani vunyelwe kulomhlangano aliko elenu ilungelo kulomhlangano. Zamani ukufuna omunye umcabango kunalona wanamhla, noma futi bekufanele niyohlangana nalo mhlangano akuseko sikati, uyakuhlangana kule iyanga kube nina nipakati emanzini. Akufanele neze ukuya kulomhlangano wokunqamula ukuba kupelile kufanele kuhanjelwane kanjani; ayiko indaba yamazwe. Ake nifunde amazwi kaMnyaiza eLangeni kuDec. 27. Ukuluma ubudoda yena futike kwakufanele yona incwadi yommeli okwakulunywa ngayo emhlanganweni weKomiti nasemhlanganweni akufanele abantu abangaka, kubangwa yini kona impela nisiketele abantu abangafanele iNatal? Uma kufuneka nihambe kahle zamani nenze omunye umqondo ongcono. Tina sifuna owetu umfundisi—J. L. Dube ahambe ayokusi kulumela ayi kodwa kulesisikati nge mva kwesikati. Akukondhlela manjena niyavakasha. Tina Vryheid asinakube ka sandhla kulomtwalo wenu akuhambe owetu lowo engimshoyo nobonake imali ivela lapa.

Uxole Mhleli ngokwelula kwami.

Yimi Owako,

J. M. SANGWENI.

UMBIKO.

Ngazisa zonke izihlobo ezikude neziseduze ukuba ngoLwesihlanu ngo 4 30 P. M. ubaba uJohn Reuben Caluza usitshiyile emhlabeni. Wafa ngomhla ka 20th Dec. 1918. Wapelezelwa ngo 23rd Dec. 1918 eJohannesburg. Zonke izihlobo mazamkele lowo mbiko.

Isicaka senu,

MORDECAI J. R. CALUZA,

Siam, Edendale.

Umhlangano omkulu eJohannesburg.

(NguM. M. FUZE).

(Ku Mhleli we "LANGA.")

Mngane,—Ngicela indawana epepeni lako elihle kengibeke amazwana ange mangaki ebandhleni lakiti ebelihlangene eJohannesburg.

Ngiboue epepeni le "Solesizwe Esimnyama" indaba emnandi etokozisayo yokuhlangana kwamakosi nabantu mzane bezwe lakiti abapuma ezindaweni zonke kuleli las'ezansi neAfrica—okubonakalisa ukuti uhlanga lwakiti olumnyama luyaqala ukuzwana kaloku. Ukuhlangana okunjena kambe kwabongwa ngumnumzana wakiti oziti omkulu wase Edendale ongaseko uJohn Zulu Mtimkulu eminyakeni yokuqalisa kuka Kongolosi, owakuluma pakati komkandhlu, ebonga, wati "Bantabami, ngiyabonga kakulu ukubona ukuhlangana okunje, ekade sasikunxanele ukuba kwenzeke kepa kungenzeki, nami se ngiyakugoduka ngijabulile, loku ontanga yetu baza bamuka bengakubonanga, kepa bekutanda kakulu. Ngiya jabula ukubona abantu bakiti behlangene bekuluma betandana."

Yebo, madoda, uBaba uMtimkulu wayekuluma izwi elonalona, ngoba nazi nonke ukuti "Ukuhlangana kungamandhla.", Nonke niyayazi futi indaba yendoda eyati uba ibone abanta bayo bengezwani yabanika izinti yati mabazapule ngazinye; kwat'uba bazapule yazibopa inyanda yati mabazapule; bahluleka ukuzapula. Nati kumbe singaba abantu uma sihlangene sitanda na singenhlalunhlalu njengaloku esiyiko. Po ke, mkandhlu wakiti omuhle, mina nginezwi elilodwa engifisa ukuli beka pambi kwenu. Angikubongi kakulu loku kupangisa kwenu kwokutuma amanxusa okuya kusikonzela komkulu, ngiti mina nitshetshisile ukutumela; indaba enjenga lena yokupatwa gada lala kwetu ibe ingafanele ukutwalwa masinyane njengaloku isiwe pesheya, njengoba niyayibona nenkosi yetu uJenene Botha ukuti useze wawela naye engasibikelanga ukuhamba aya ngako petsheya, waza wahamba singa sakulumanga naye. Bekuyakuba kuhle indaba enjenga lena uma besiyikulume kuye kuqala, sadhlula ebusweni bake. Esilungwini lapa yinye indhlela yoku hamba, linye futi nesango lokungena esigodhlweni, kutene tuxa xolo noku hamba kwakiti kwaZulu. Namhla nje bekusafanele ukuba situmele izincwadi nje zokuya kusikonzela, situmele oma na ababili, iti enye siyiqondise kuyo inkosi yetu uqobo lwayo, sicele ukuba idhluliswe yiyo ukuyiyisa endhlunkulu, iti ke enye siyiqondise endhlunkulu ngokwetu. Ngoba konje singatini tina uma singati sesikulungise konke saza sahambisa namanxusa etu, afike avi njelwe emazibukweni? Singaqabula ngani? Ngikuluma loku nje ngiyazi ukuti noma amanxusa etu ehambe aze afinyelela petsheya, uJenene Botha angafike ayicite indaba yetu ngezwi linye qwaba lokuti kayazi yena le indaba, asiyibonanga siyileta kuye. Besekuqamuka njalo ngako loko.

Noma ngingesiye ubani, bakiti, kodwa ngifanele ukubeka elami nami emkandhlwini wakiti omuhle wamakosi nabanumzana bakiti. Anjalo awami okuhlalalisa kini ! Abelungu laba sibona ukuti bahlangene ngati bayasihlupa nje kuya ngoba bezwana bonke, kute ose kutinte omunye wakubo bati sekubatinte bonke. Ningacabangi niti nina baxabene namaJalimane nje namuhla niyezwana kakulu nabo, noma nikad enibe lekele, anilingani kakulu namaJalimane. Wena mufo omnyama ausayikupi nda ulingane nomuntu omhlope kwomunye, uyakuba loku waba ngu"nigger" njalo, ungu"boy" wemihla enganeni, noma wena unguyisemkulu kuyo. Abanye bakiti, ngempi yamaBhunu batenjiswa okukulu ngokupelezela nokweleke lela impi yamaNgisi ekuyikombiseni izindhlela namazibuko afaneleyo. Isitembiso esinjalo asifezekanga. Omnyama umnyama njalo, naye omhlope umhlope njalo. Ukutandana kwamabomu akufani nokwokuvela. Aniyikuze naba ngabakubo ningakendiselani nabo, ngenxa yaso isikumba lesi esimnyama enasinikwa nguMenzi.

Uhambo lukaK B. Mhlongo.

(Ku Mhleli we " LANGA.")

Ngicela ibala kengixoxele abatengi base Cornfiel3s.

Besiye ePietermaritzburg ngomhla ka 12 Dec. kepa kwabakona umnyama ngoba inkosi uDambuza safi ka ingeko iye kwaZulu. Udaba ebesiye ngalo olwamataitele nokuzwa izindhlela elizopatwa ngazo izwe Okwezinhlamvu zemali sizokwazisa obala kusalungiswa "Tokolo yetemba, amatunzi ayeukela." Indhlela yokupindela isa sihlalele. Usizi ingoba abantu abanga yitumi imali yokuhamba kanti amataitele bawalindele ngamehlo abomvu futi ukungapumi kwamataitele kulimaza umsebenzi. Ebebeyokonza bekuyi laba:—

K. B. Mhlongo & Philemon Kumalo. Abanikele imali yendhlela, P. Magoba 2s. 6d.; J. N. Malinga 2s. 6d.; D. Mnandi 1s.; Dorcas Mnandi 1s.; Elija Mabele 1s.; Mariah Koza 6d.; Aaron Dambuza 6d.; abatengi batule kepa izwe labo limi egosini. Nginikeni amandhla ngi buyele masinya. Musani ukungitela amanzi batengi. Indaba sengihlose uma sipate manje noMpati wezaBantu, kuhle nilindele isipeto sayo. Kuzopuma isaziso esiqavile ngoFeb. 1919. Tumelani izinyawo batengi kuyaliwa abangakaqedi bahlala beblomile lesesa soba umkosi kubona wokuputunywa.

Ikwaya yaseCornfields ike yati qu eRoosbom ngo 6 Dec. kumfo abati uMr. Makatini. Aike sobuye sixoxe "Zinqunywa amakanda ziyekwe."

Yimina,

K. B. MHLONGO.

Ezase Acton Homes.

("Ngu S. M. NJOKO.")

Nkosi yami Mhleli weLanga laseNatal ngicela nje indawana epepeni lako elidumileyo ke ngiti hlabahlosi ngengikubone kulomuzi ongasenhla ngoKisimusi. Ngabona ngolwesiBili ntambama awoMessrs J. Msibi noI. Madinane ngasesontweni kanti sebelinde izimbuzi ezasala oNyamezelweni zafika nabafana zahlatshwa ziu13. Kusihlwa kwabakona inkonzo eyayi petwe uMfundisi uRev. A. E. Kumalo owashumayela inkonzo eshisayo Luke II:II "ngoba namhla sizalelwe umsindisi." Ngokuba kubi kwezulu akubange kusayiwa ukuyo linda entabeni. Walandela uMvangeli uMr. J. Mtyali owakotulula enshumayelweni, kwavalwa. Kusa ngomuso yangena futi inkonzo ngo10:30 A. M. ipetwe futi uye uRev. A. E. Kumalo Mathew II-2 "upi lowo ozelwe?" Kwaba inkonzo eshisayo nehlabayo kubantu, yaze yavalwa. Angisakulumi pela ngokulengayo esihlahleni izipo zabantu. Kwaqalwa ukudhla ngo 1 o'clock kwaze kwashona ilanga kungenwa. Ngo4:30 P. M. kwadhlalwa unobhutshuzwayo iActon Homes neHambrook kwaba idraw. Ababepa abantu ukudhla aoMessrs G. Hlongwana, W. Mabaso, J. Simelane, D. Ndimande, ngabuka impela bepapeme.

Pela ngizwa bati ku umbongo ukuba bajabulise imipefumulo ngezinkonzo nemizimba ngokudhla bendawonye ngoba kulesisifo esiumdungazwe ("flu" sidhlule ngoxolo ngamandhla kaSomandhla. Kusihlwa ke kwabakona umculo kumakwaya amane iSecondary Choir ipetwe uMr. A. Mdhlozini, Day School Choir ipetwe uMr. S. Msibi, iUnion Choir ipetwe uMr. A. Tshabalala or Mona Mahlatyana ipetwe uMr. G. Hlongwana. Amasolo koMiss Leah Mazibuko, Millet Nkosi, Elder Msibi, Sikaka Msibi, A. Mdhlozini, O. Hlongwana, Siganandа Joel Ndaba, ayenza umunyu kubantwana-babantu. Kwaku ngesiwo umupikisano kulamakwaya kwaku umculo wasekaya kodwa aquba kahle onke. Kwafundwake izipo ezi semutini zaba zingingi pela izidhlo zahlula izinja kwabonakala ngamahashi okwasa elele nezihlalo.

Eze Christmas Tree ne Konsanti eTalaneni.

Baba Mhleli:

Ngicela ibalana epepeni lako elidumileyo. Ngo Dec. 26 beku umdhlalo omkulu we Christmas Tree namakwaya amatatu akona eTalaneni abencintisana. Umdhlalo waqala ngo 12 o'clock endhlini yesikole. Isihlahla (Christmas Tree) sesihlobe sikepuza indaba yempahla nezinkuku. Wavulwa umdhlalo uMr. Zulu iCatechist, ngeculo nangomkuleko. Kute ngasemuva iChairman uMr. J. Paton waponsa amazwana mayelana nomdhlalo yayisicela amakwaya ukuba ake ahlabelele amagama amane ngapambi kokwaba izipiwo zempahla. Zasuka eze Tulasizwe Choir zipetwe uMr. C. Magwaza zasho kamnandi. Zasuka ezama "Brave Zululanders" zipetwe uMr. A. Ntuli zite ziligcina zaziti izibuki, "isisusa sikala ngokupindwa." Zasuka ezipetwe uMr. T. Dhlamini i"Surprise Choir" zasho kwabanda esiswini. Kute ukuba amakwaya omane aqede kwase kwabiwa izipiwo zempahla esihlahleni (Christmas Tree), lapo ke abantu basukuma ubutaputapu belanda izipiwo zabo. Inele yati swaca impahla amajaji atata izindawo zawo, yaqa lake iCompetition yamakwaya. Emanqweni kwase kwasuka yena u"Tulasizwe" zasho kwatula kwati nya, zati ziwaqeda awazo omatatu amagama, kwakusuka ama "Brave Zululanders" asho kakwaqeda tunga sengela, ite isu ka "iSurprise Choir" umuntu wati "Elisina muva liyabukwa." Amajaji konake ahlulela ati: Tulasizwe, First; Surprise Choir and Brave Zululanders, Second. Kute ngemva amakwaya ahlabelela igama laba linye konake wavalwa umdhlalo ngokuhlabelela iculo nomkuleko.

Sengingapeza lapo Baba Mhleli.

Yimina,

ISIBUKELI.

ISAZISO

Kukona iziqinti ezi o 5 noma 10 Acres ezitengisayo eduze naseNanda Mission Station.

Ozifunayo matumele kumninizo u MR. ELKA M. CELE,

Ohlange,

Phœnix.

KON' OKUDINGAYO.

Musu'ukuguliswa yisisu iminyaka eminingi. Ukuginga izinhlamvana zika Chamberlain kuyokusiza. Ayikoqo okudingayo. Atengiswa yibo bonke abatengisi.

Ezase Spookmill.

Amadoda alomuzi ake indhlu enkulu ngo £129 12s., lendhlu yakelwe isikole. Ofundisa kona uMr. R. J. S. Guma wase Grontville. Silindele okuhle okuzokwenziwa yilomfana, pela ube qale ukufundisa kulendhlu ngo August. NoMfundisi uJ. Dewar setemba uzokwenza imizamo yokusekela lesikole sicume impela; pela uyena umnini webandhla noMfundisi F. Ntuli oseMnambiti. Lendhlu yakelwe emandhleni ebandhla lase United Free Church of Scotland. Yaqiniswa enkantolo eNewcastle kwapuma incwadi yesivumelwano sokuti akuyikungena elinye ibandhla kulendawo kupela uFree Church. Akunakucinywa loko. Ngalokoke ngaloKisimusi bekwenziwe udumo olukulu lokubonga lomsebenzi. Kwamenywa ikwaya elinye lase Kranskop ukuba lizozimazisa. Kanti bekuhlala kuzwakala ukuti iKranskop neSpookmill amakwaya azozombili lezindawo ayeyisana, okubonakala ukuti iloku zitabelana. Au! kute ngo Kisimusi lo kwabonakala ukuti iSpookmill sesizidela amatambo sase satumela incwadi kumpati kwaya lakona eKranskop sezicela ukuba zibetane izingqungqulu ngo Kisimusi. O! zabe zitsho entshweni kumfo kaKumalo umculisi wakona wahle wavumela pezulu. Kwase kulungiswa izidhlo abaculi base becela abadala ukuba babelekelele Lwafikake usuku. lati lishona izindhlela zase zimhlope izibukeli. Kwangenwa ngo 7 itafula lase limhlope. Za ngena izintombi umuntu wabona, loku zivunule zimhlope zonke ziponse imiqele emhlope emakanda. Umfo ka Sibeko umculisi, weza ngezake ezilututu abafana befake ezimnyama bonke. Qa ke ezintombini angizuketa luto kwaba kuhle nje. Wo, zangena ezomfo ka Kumalo, etwele amapepa enhloko amapepa amibalabala ebomvu nemihlope neluhlaza efanisene nenye insizwa yakona. Bonke abantu babuzana beti utweleni? Haike kwadhliwa kuqala anduba kuculwe. Qake ngingati ukudhla kwaku lingene kodwa abanumzane abapatekanga kahle. Siyabonga amakosikazi oMrs. J. Hlubi inkosikazi enomoya omuhle, no Mrs. S. Mfusi unjalo kanye no Mrs. S. Mngomezulu. Kwapelake ukudhla ukudhla. Lalelake wazitata umfo ka Sibeko wazibeka andaweni yazo, nomfo kaKumalo wenze njalo base becela umfo ka Ncandiyane u A. H. Hlubi iqude lakona pela elaziwayo latata isihlalo somdhlalo. Laqala laponsa amazwana kubaculi Balake zadumela, iSpookmill nges Zulu kwaduma ihlombe, zalipinda. Laduma ihlombe zalipinda. Yadumela iKranskop ngaso isiZulu, zadumela iSpookmill ngeliti "We wait for thy loving kindness" kwaduma indhlu pansi, impindiso. Mhleli anginga qedeli abanye indawo, ngingati njeke iSpoonmill besisebenza into esiyaziyo. Qa ke uKranskop angimeyile kodwa pela ube hlabelela imiququmbelo nemikekelo nokoke akukuhle siba sinyalula abantwana kanti futi siyabazi ukuti akusibo abantwana abafundisiwe. Nalobu yebuyebu ezinhloko bona bebeti baya hloba naye pela uSpookmill ubuye wa fikelwa ukuba abeyiloku egcaluza eya pandhle, asazike noma ubenziwa ukuguduzela itiye. Ingatike zintombi oingakuyekela loko, ngomso koniletela ihlazo nibo hlala nitule uze upele umculo. Unqobile uSpookmill bacule impela bohlala benqoba njalo.

Yimi,

ISIBUKELI.

Opendula Abomhlangano kaKongolose.

(KuMhleli WeLanga)

Ake ungidedele kengibeke amazwana kulomhlangano wabakiti bakaKongolose. Ngitanda kengijwapune kwejikayo mayelana nalomhlangano ombili. Bakiti ngiti kodwa, ninani, nenzani manje? Sabona enye indaba mayelana namaNxusa! Au yini madoda pela senenzani naqala ngobuhle nagcina ngokungagwinyeki? Anibazi yini abelungu laba? Nifuna ihlazo yini kodwa ezizweni ezimhlope? Senitata nishiya amadoda ekade ayetunywe kuqala niba la abasha bodwa. Aniboni yini madoda ukuti amaNxusa amadala afuneka apinde? Kutike manitanda nifake abatsha kwabadala ekade beyile kuqala futi oDube banezibindi zokukuluma namadoda amhlope. Abanye laba nge ke babenezibindi neze. Yize ukuti bafundile; kufuneka isibindi sokukuluma nokwazi ukuti inhlupo elapa iyipi. Abanye bahlala emadolobheni abaqondi inhlupo yomuntu.

UDube uqonda konke impela uyayazi inhlalo yabantu futi pambili bayamazi kanye namanye amadoda senibala sene nza amadoda au9. Anibali oMr. Mark Radebe noDube noMsana kade ke nipa ke labo oRubusana nalabo esingabazi enibaziyo nina. Niyabona bakiti yenza ni kahle musani ukuxabana nodwa. Ngiqinisile ngiqinisile ngiti akuyikulu nga uma nenza lendaba yokungezwani. Musani ukupambana kube ilaba bado nse base lena kube ilaba badonse base lena Kubi loko impela bakiti siyazi ukuti nifundile nonke kodwa hambani kahle ningamlahli uMafukuzela onjenge zulu likanoziwedu unohlala bempete abezizwe nabekaya uNgolozane kade beyigoloza, uzinjana zaseTekwini ezimhlotshana zamkonkota zati ziyamuluma kwagoba amazinyo zadela. Kunjaloke bakiti bakaKongolose.

Xola Mhleli nkosi yami ngokwelula ngenziwa ilizwi elingangikoli.

Yimi,

J. SINDANE.

Isiguqaguqa nge'ilonda.

ENGASAHAMBI IZINYANGA EZI U 18 KWAPUMA NESISINDO ESINGAMA LB. ANGU 100.

ISIFO ESILUMA KABI ESELASHWA NGU ZAM-BUK.

Okunye kwokwelapa okumangalisayo okufakazela uZam-Buk ukuti uzidhlulela kude le zonke izigcobo nemiti yesikumba kusanda kuhlaluka eCape Town. UMr. J. van der Riet, uMaki wezindhlu owaziwa kahle nomsebenzi ngekontraha, wase 95, Long Market Street, Cape Town uloba ati:—

"Ngenkati eti mayibe yiminyaka emibili edhlule imilenze yami yapel'amandhla, kwaze kwapela izinyanga eziu 18 ngingasahambi. Isifo sangihlaba ngoba ngizwe ngilunywa kwase kuvela izintutumbana. Ukuluma kwalezo zintutumbana kwangipata ngangoba kwakungasa ngiyeki ukuzonwaya. Loko kwazikipisa ubovu, isifo sahlenbleteka. "Ngangoba lapo kubuhlungu kona ngesigcobo ngatela rempupu kahle ngabopa imilenze. Kwakuti lapo sekuboshwa ngokunye, kuxexebuka izinkoko zenyama zaze izilonda zagumbeka zaye zafika etanjeni zaqala onyaweni zaye zati mikiti edolweni emilenzeni yomibili.

"Ezinye izilonda zazi amaInch ayisitupa ubude nobuhlungu obushisayo nokunkauzela kwase kwesabeka. Impela iminjunju yabe imandhla ngangoba ngazo zonke lezizinyanga eziyishumi nashiyagalombili angizange ngitole ubutongo obugculisayo, ngase ngazaca ngaba uti; ngempela ngapunywa ukusinda kwama lb. ayi 100 ngalesosikati.

"Odotela ababili babengilayela imiti sonke lesosikati kepa noma ngabe ngikwenza ababe ngilayela kona angizwanga bungcono. Ngahlala sengilubuka ngaze ngalahla itemba ukuti ngisayakusinda.

"Ngengozi uZam-Buk ngakonjiswa yena ngase ngisiqalisa njalo isigcobo ngisigcoba. UZam-Buk kwaba ngati uyabudambisa ubuhlungu kona manjalo ngako ngabek'isineke ngaye. Ngangibe ngiyagcobe kube kona ubungcono, futi kwamangalisa ukunqamuka kwobuhlungu nokupela kwokuluma. Kwati ngesikashanyana nje imilenze yami yabhonyuka nya esifweni ngase ngizisebenzela njengakuqala. Sengihamba kahle manje sengip'ile futi, into nje sengiti sengati nga ngasheshe ngamtenga uZam-Buk. Kwaku yakuvimbela imali eningi nokukatazeka."

"UZam-Buk uyisigcobo esinamandhla angafani nawamuti ekudambiseni nase kubulaleni isihlungu nasekupoliseni. Ezilondeni zesikumba, nezixixayo nokuluvuzela nezinobovu nezenyama nokulimala nako konke ukufa kwesikumbe nokakayi uZam-Buk kanawabo. Kepa ubocopelela ukutola uZAM-BUK kungabi esinye isilingiso namafuta angenamsebenzi. UZAM-BUK utengiswa kupela ngemishuqulwana egciniweyo, atolakale kubo bonke abezitolo nomkemisi. Amanani 1s. 6d. no 3s. 9d ngedosha. Isitolo esikulu salap'eSouth Africa: The Zam-Buk Co., 9, Long Street, Cape Town.

Zam-Buk

"RUB IT IN"

Amanxusa

OTI MAKUWELE AMAKOSI.

(Ku Mhleli weLanga lase Natal)

Ngicela isikala epepeni lodumo ngibona abaholi besizwe behlupeka bebodwa ngendaba yesizwe engiti namhla bekudingeka amakosi ewelile ukuyozikalela pesheya. Namhla ngakuwela wona ukuyokalela inkululeko bezikalela nga bantababo abahlakazekile. Bekudingeka uMntwana weNkosi yakwa Zulu ne Nkosi yas'oSutu neyase Swazini asuke wona uqobo lwawo. Amakosi amhlope otanda ukubona wona nabaholi besizwe bayoveza izikalo pambi kuka King. Bazauloku betsho ukuti bayazikulumela ngokuba abawaboni amakosi ozalo. Baholi'namhla kusweleke ukuba nisiwe ngamakosi omdabu ayoniveza eNgiland ngokuba isizwe esimnyama singumfelokazi onge nampenduleli ngokuba uHulumeni wa lapa akabonakalisi luto ngabantu abamnyama. Makosi welani niyosicelela inkululeko eNgiland nase Melika. Vezani inhlupeko yetu emakosini niwele.

Tetelela Mhleli ngokwelula.

ISAIAH D. TSHABALALA,

Box 88,

Vrede.

O. F. S.

INTUNGWA YENKWANTSHU.

Akudingeki ukuba uguliswe yinkwantshu nokulanywa yisisu noma ukuzibhonqa. Oza Chamberlain wembo nentungwa nokuhlambulula awuze ungageja ukutolis'ikefu nakubambeke kabi kanjani. Wutole namhlanje, asisayi kubako isikati sokuwulanda uma usuhlabekile. Utengiswa yibo bonke abatengisi.